

NALIBALI

Funda nsuku zonke!

Ukufundela izingane zakho kuyazisiza ukuba zibone ubuhle bezincwadi. Uma izingane zakho zifunda kuphela esikoleni kanye nalapho zenza umsebenzi wesikole wasekhaya, zizofunda ukuhlanganisa ukufunda nomsebenzi futhi hhayi nokuzijabulisa. Lapho sifundela izingane zethu nsuku zonke, ziyafunda ukuthi ukufunda kungaba yinto ejabulisayo nekwenza wename.

Amasu ama-3 okwenza ukufunda kube yingxenye yokuphila kwansuku zonke komndeni wakho

1. Fundela izingane zakho nsuku zonke. Zizobheka ukufunda njengokuyingxenye yokuphila kwazo kwansuku zonke – njengokudla, ukulala nokuxubha amazinyo!
2. Yenza ukuba isikhathi sokufunda sibe yisikhathi esijabulisayo. Ukujabulela ukufunda kuyisinyathelo esibalulekile sokuba ngumthandi wezincwadi nomuntu oyofunda ukuphila konke.
3. Kungakhathaliseki ukuthi umatasa kangakanani, yenza isikhathi sokufundela izingane zakho. Lokho kungumyalezo wothando ozitshela ukuthi zibalulekile kuwe. Inkumbulo yokuchitha isikhathi sokufunda izindaba zikanye nawe iyohlala isezingqondweni zezingane zakho ukuphila kwazo konke.

Read every day!

Reading to your children helps them to discover the magic of books. If your children only read at school and when they do homework, they will learn to link reading with work and not with pleasure. When we read to our children every day, they learn that reading can be an enjoyable and entertaining activity.

3 tips to make reading a part of your family's daily life

1. Read to them every day. They will come to see reading as a natural part of their daily routine – like eating, sleeping and brushing their teeth!
2. Make story time an enjoyable time. Enjoying reading is an important step in becoming a lover of books and a life-long reader.
3. No matter how busy you are, make time to read to your children. It sends them the loving message that they are important to you. The memory of spending story times with you will stay with your children throughout their lives.

Izinzuzo zokufundela izingane zakho

1. Lapho ufundela izingane zakho, uzibonisa indlela izincwadi ezisebenza ngayo:
 - ★ ukuthi izithombe namagama kuyasebenzisana ukuze kuxoxe indaba.
 - ★ ukuthi amagama asencwadini ahlala enjengoba enjalo ngaso sonke isikhathi lapho uwafunda.
 - ★ ukuthi amagama esiwafundayo asho okuthile.

Ukwazi lezi zinto kusiza izingane ukuba zifunde ukuzifundela ngokwazo kamuva.

2. Ukufundela izingane zakho nsuku zonke kuyindlela ekahle ukuba wazi ukuthi yini ezijabulisayo, kanye nokuzenza zazi ukuthi yini ekujabulisayo wena. Ukuxoxa ngabalingiswa nangezinto ezenzeka ezindabeni kuthuthukisa ukucabanga kwazo, ukubona izinto ngeso lengqondo, ulimi kanye nokuqonda kwazo abantu. Kuyazisiza ukuba zibe abantu abacabangelayo nabanozwela.

Khuthaza izingane zakho ukuba zikufunde, ngisho noma zingakakwazi ukufunda, lalela lokho kubhidilisha kwazo ezithi zona kuwukufunda. Izingane kudingeka zenze njengabafundi ukuze zibe abafundi.

Encourage your children to read to you and, even if they cannot read yet, listen to their pretend reading. Children need to behave like readers to become readers.

The benefits of reading to your children

1. When you read to young children, you show them how books work:
 - ★ that the pictures and words work together to tell the story.
 - ★ that the words in a book stay the same every time you read them.
 - ★ that the words we read have meaning.

Knowing these things helps children learn how to read for themselves later on.

2. Reading to your children every day is a good way to get to know what interests them and to let them know what interests you. Talking about the characters and things that happen in stories develops their thinking, imagination, language and their understanding of people. It helps them to become thoughtful and compassionate human beings.



Drive your imagination

Ukuze uthole imininingwane eyengeziwe ngokufunda nezingane zakho, vakashela esithi "Tips and Topics" ku-www.nalibali.org.

For more information on reading with your children, visit "Tips and Topics" on www.nalibali.org.



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Jabulela umculo nomnyakazo nezingane zakho

Literacy Seeds!

Share the joy of music and movement with your children

Mzali othandekayo nomnakekeli wezingane ezincane, ukwenza izingane zenu zizwe umculo zisencane kubaluleke kakhulu ekuthuthukeni kwazo. Ungaqala ngomculo wakudala nangezingoma ezilula owazizwa futhi owawuzicula useyingane. Ngokucula nokudansa, izingane zithola injabulo yokwenza imisindo enesigqi nomculo. Umculo nezingoma kufeza nendima ebaluleke kakhulu ekufundiseni izinkolelo zesiko-mpilo namasiko. Umculo uhlale ukhona njalo nje, thina kudingeka nje siwulalele.

Dear parent and caregiver of young children, exposing your children to music when they are young is very important for their development. You could start with folk music and simple songs that you heard and sang as a child. Through singing and dancing, children experience the joy of making rhythmic sounds and music. Music and songs also play a significant role in teaching cultural beliefs and traditions. Music is all around us, we just need to listen.

Umculo ezigabeni ezihlukahlukene

Izinsana: Cula ingoma njengoba ugqokisa umntanakho, umgeza noma umshintsha inabukeni. Njengoba unakekela umntanakho, khuluma ngalokho okwenzayo futhi uqambe ingoma ethile ngakho. Umculo ungamshuzela umntwana ongahlaliseki futhi umsize ukuba azole lapho sekuyisikhathi sokulala.

Ojahidada: Ojahidada bayathanda ukuphinda izingoma. Ukucula imilolozelo elula yasenkulisa ephindaphindayo kuvame ukusiza ekuthuthukiseni iqoqo lamagama nenkumbulo yabo. Ngokucula, ojahidada bangafunda ulimi. Ukwenza iminyakazo njengoba becula kusiza nengqondo yabo ukuba ithuthuke, njengoba kudingeka bakhumbule amagama, indlela ingoma ehamba ngayo kanye neminyakazo! Ngakho-ke, lapho ucula izingoma, khuthaza ujahidada wakho ukuba ashaye izandla, enze nezigqi ngezinyawo futhi ajike nomzimba wakhe uye ngapha nangapha.

Asebeqalile ukuya enkulisa: Bayayithanda imilolozelo yasenkulisa nezingoma ezicula ngezinto abazithandayo, isibonelo, izilwane, amathoyisi nemidlalo ethile njengokugxuma nokudansa. Bayakuthanda ukucula futhi abesabi ukucula ngokuzwakalayo.

Music at different stages

Infants: Sing a song while you dress your baby, bath your baby or change your baby's nappy. As you take care of your baby, talk about what you are doing and make up a little song about it. Music can soothe a restless baby and help your baby to relax when it's time to go to sleep.

Toddlers: Toddlers love to repeat songs. Singing simple nursery rhymes that repeat often helps to develop their vocabulary and memory. Through singing, toddlers can learn language. Doing actions while they sing also helps their brain development, as they need to remember the words, the tune and the actions! So, while singing songs, encourage your toddler to clap their hands, stomp their feet and sway their bodies.

Preschoolers: They enjoy nursery rhymes and songs about things they like, for example, animals, toys and certain activities like jumping and dancing. They enjoy singing and are not afraid to sing loudly.

Uzuzisa ngani umculo ekukhuleni kwengane?

- 🎵 Kukhona ukuhlangana phakathi komculo kanye nokuthuthuka kokucabanga ngezibalo. Imiqondo yezibalo iyakheka lapho izingane zicula izingoma ezibala izinto.
- 🎵 Izingane ziba namakhono okuxhumanisa izinto, awezinto ezenziwa ngokusebenza kwemisipha emincane nemikhulu. Lapho zikhasa, zelula imizimba, zigoba, zigxuma futhi zibhalansa lapho zicula, ziqala ukuqonda izinto imizimba yazo ekwazi ukuzenza.
- 🎵 Ngokucula nokudansa, izingane zithola iithuba lokuveza imizwa yazo nokukhipha ukucindezeleka.
- 🎵 Umculo ungashukumisa ukubona izinto ngeso lengqondo. Ibhokisi lingaba yisigubhu, noma ungase uziqambe eyakho ingoma.

What are the benefits of music in a child's development?

- 🎵 There is a connection between music and the development of mathematical thinking. Mathematical concepts are developed when children sing counting songs.
- 🎵 Children develop coordination, fine and gross motor skills. When they crawl, stretch, bend, skip and balance while singing, they begin to understand what their bodies can do.
- 🎵 Through singing and dancing, children get the opportunity to express themselves and release stress.
- 🎵 Music can stimulate imagination. A box can become a drum, or you can create your own song.



Drive your
imagination



Indlela yokuqamba umculo ekhaya



Culela ingane yakho: Izingane ziyathanda ukuzwa amaphimbo abazali nabanakekeli bazo. Ungaculela ingane yakho imilozelo noma nanoma iyiphi enye ingoma oyaziyo. Ungacula ngisho nengoma eyaziwayo kodwa ushintshe amagama.

Izingoma ezineminyakazo: Cula izingoma ezineminyakazo yezandla nomzimba ukuze ujwayeze amakhono ezinto ezisebenza ngemisipha emincane nemikhulu.

Sebenzisa izilimi ezihlukahlukene: Imidlalo yezilimi ezihlukahlukene, izingoma nemilozelo kusiza izingane ukuba zifunde olunye ulimi.

Vumela ingane yakho iziqambele owayo umculo: Nika ingane yakho amabhodwe, amapani nezitsha zepulasitiki kanye nokhezo, futhi zivumele zishaye ngalo lezi zinto. Thatha isikhongozelo esingenalutho, usifake amatshe amancane noma irayisi, futhi uvumele izingane zisishukuze. Qiniseka nje ukuthi isikhongozelo sivalwe saqina ukuze unkabi angasivuli futhi adle okuphakathi.

Danselani umculo: Culani izingoma futhi nidansele umculo. Unganika ingane yakho u-teddy bear, isikhafu noma iribhoni ukuba ikubambe kuyilapho idansa.

Yenza umculo ube yingxenye yezinto ezenziwa nsuku zonke: Uma nicula izingoma lapho nenza izinto ezithile, ingane yakho izokwazi ukuthi yini okumele iyilindele futhi izizwe iphephile kakhudlwana. Uma ucula ingoma ethile njalo lapho igeza, ingane yakho izothatha lokhu njengokuyikhambi "lesikhathi sokujeza".



How to make music at home

Sing to your child: Children love to hear their parents' and caregivers' voices. You can sing lullabies or any other song you know to your child. You can even sing a well-known tune but change the words.

Action songs: Sing songs that include hand and body movements to exercise your child's gross and fine motor skills.

Use different languages: Bilingual games, songs and rhymes help children learn a second language.



Let your child make their own music:

Give your child pots, pans and plastic containers with a wooden spoon, and let them bang on them. Take an empty container and fill it with small stones or rice, and let your child shake the container. Just make sure that the container is closed tightly so that your little one cannot open the container and eat the contents.

Dance to music: Sing songs and dance to the music. You can give your child a teddy bear, scarf or ribbon to hold while they dance.

Make music part of everyday activities: If you sing songs when you do certain things, your child will know what to expect and feel more secure. If you sing a certain song every time they take a bath, your child will come to see this as a cue for "bath time".



Inyanga
Yabesifazane igujwa
ngoNewaba minyaka yonke.
Nazi izinewadi ezithile zezingane
ezikahle kakhulu ezibungaza
abesifazane namantombazane.

Women's Month is celebrated each
year in August. Here are a few
wonderful children's books that
celebrate women and girls.


Ishalofu lezinewadi lakwaNal'ibali

The Nal'ibali bookshelf

Amantombazane Awakwenzi Lokho

Ibhalwe uThembi Kgatlana noNikolaos Kirkinis
Ubuciko bezithombe uChantelle noBürgen Thorne
Umshicileli: Jacana Media

Indaba kaThembi Kgatlana iqala eMohlakeng. Wayengumdlali webhola lezinyawo onesiphiwo onephupho lokudlalela iNingizimu Afrika kodwa njalo wayetshelwa ukuthi amantombazane awalidlali ibhola lezinyawo. Ngokuzikhandla nokuzimisela, akagcinanga nje ngokudlalela iBanyana Banyana, kodwa futhi wakhetshwa waba ngumdlali oyisihlabani esikhulu kunabo bonke e-Afrika! Iyatholakala ngesiBhunu, isiNgisi, isiXhosa, isiZulu nesiTswana.



Girls Don't Do That


by Thembi Kgatlana and Nikolaos Kirkinis
Illustrator: Chantelle and Bürgen Thorne
Publisher: Jacana Media

Thembi Kgatlana's story begins in Mhlakeng. She was a talented football player with a dream to play for South Africa but was always told that girls don't play football. Through her hard work and determination, she not only played for Banyana Banyana, but was named Africa's greatest player! Available in Afrikaans, English, isiXhosa, isiZulu and Setswana.

Idili Letiye LaseSoweto

Indaba nguNokuthula Mazibuko Msimang
Imifanekiso nguSam van Riet
Umshicileli: New Afrika Books

Le ndaba ekhuthazayo isekelwe ekuphileni kwasebuntwaneni komlobi ngawo-1970. Naphezu kokukhulela ezindaweni ezinhlupheko elokishini, abazali bakaNokuthula bakwazi ukugcina ukuphila komndeni kunentokozo, futhi kujabulisa. Imifanekiso ezolile kaSam van Riet ibonisa umehluko owawukhona phakathi kwesimo esasimzungezile ngaphandle kanye nenjabulo eyayikhona ngaphakathi ekhaya. Iyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni ezibhalwayo.



Soweto Tea Party

by Nokuthula Mazibuko Msimang
Illustrator: Sam van Riet
Publisher: New Afrika Books

This inspiring story is based on the author's childhood in Soweto in the 1970s. Despite the bleak surroundings in the township, Nokuthula's parents were able to maintain a joyful, happy home life. Sam van Riet's gentle illustrations reflect the disconnect between the outside world and the happiness within the four walls of the family house. Available in all official written languages.

UCitronella

Carl de Souza
Danièle Hitié
Umshicileli: New Afrika Books

Le ncwadi yezithombe ikhuluma ngokubaluleka kokuba nogogo nomkhulu abanomusa. UCitronella uyintombazanyane encane eyisithulu. Njengoba kungekho muntu ongamelapha, umndeni wakubo umthumela kuMkhulu uTambala, yena omthatha amyise endaweni ekude, le, lapho ongezwa nje ngezindlebe zakho kuphela... Iyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni ezibhalwayo.



Citronella

by Carl de Souza
Illustrator: Danièle Hitié
Publisher: New Afrika Books

This picture book deals with the importance of having kind grandparents. Citronella is a little girl who cannot hear. Because no one can cure her, her family sends her to Grandpa Tambala, who takes her far, far away, to a place where you don't only hear with your ears... Available in all official written languages.

Khulisa ilayibhrari yakho. Zenzele ezakho izinewadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

KwaGogo

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukana amakhasi.

Ubhubesi ongenamazinyo

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukana amakhasi.



Grow your own library. Create TWO cut-out-and-keep books

Granny's place

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.


The toothless lion

1. To make this book, use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Drive your
imagination

UNdllovu wabe esethi, "USimba kuzodingeka afunde ukudla izitshalo uma efuna ukuphila." Izilwane zavuma ngokushesha ukumqogela izitshalo uSimba ukuze adle.



Then Elephant said, "Simba will have to learn to eat plants if he wants to live." The animals quickly agreed to gather plants for Simba to eat.

All the animals thought of something tasty for Simba to eat.
Zonke izilwane zacobanga ukulethela uSimba okuthile okumnandi ukuze adle.



"I will take a juicy melon," said Rabbit.
"Ngizogqqa ikhabe elinojusi," kusho uNogwaja.



"I will take mushrooms," said Tortoise.
"Mushrooms are like meat."
"Ngizogqqa amakhowe," kusho uFudu. "Amakhowe anjengnyama."

When a lion loses all his teeth, help comes from a very surprising group of animals. But there are still more lessons that the lion needs to learn.

This story was specially created for Nal'ibali to spark children's potential through storytelling and reading for enjoyment.



Lapho ubhubesi ephuma wonke amazinyo, usizo luvela eqenjini lezilwane elimangazayo. Kodwa kusenezifundo eziningi ubhubesi okudingeka azifunde.

Le ndaba yenzelwa iNal'ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

Get story active!

- ★ Colour in the drawing on the last page of the story. How do you feel about all the animals being friends?
- ★ Make one list of foods that are easy to eat without teeth and another list of foods that are difficult to eat without teeth.
- ★ Draw a picture that shows how you take care of your teeth. Write a sentence under the picture about why you take good care of your teeth. You can ask a friend or family member to help you write your sentence.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Faka imibala umdwebo osekhasini lokugcina lendaba. Uzizwa kanjani ngokuthi zonke izilwane sezingabangane?
- ★ Bhala uhlu lokudla okulula ukukudla ungenamazinyo kanye nolunye uhlu lokudla okunzima ukukudla ungenamazinyo.
- ★ Dweba isithombe esibonisa indlela onakekela ngayo amazinyo akho. Bhala umusho ngaphansi kwesithombe ngokuthi kungani uwanakekela kahle amazinyo akho. Ungacela umngane noma ilungu lomndeni ukuba bakusize ubhale umusho wakho.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.

The toothless lion



Ubhubesi ongenamazinyo

Themba Mabaso • Carlos Amato

Ideas to talk about: How would you describe a lion's teeth? What do you think would happen to a lion that had no teeth? Have you lost a tooth? How did you feel about it?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Ubungawachaza kanjani amazinyo ebhubesi? Yini ocabanga ukuthi ingenzeka ebhubesini elingenamazinyo? Lake laphuma yini izinyo lakho? Wazizwa kanjani ngalokho?




Drive your
imagination




“Uma uSimba engakutholi ukudla, uzobulawa yindala,” kusho uNyamazane.
 “Kodwa ubani ozovuma ukuba ukudla kukasimba?” kubuza uNdlamithi ngezwi eliphansi, ephenduka ebuka zonke izilwane.
 Akekho owavolontiya.

“If Simba doesn't get food, he will die of hunger,” said Gemsbok.
 “But who will agree to be Simba's food?” asked Giraffe softly, turning her long neck to look at all the animals.
 No one stepped forward.

Simba was the only lion in that corner of the veld, and he loved it! All the animals were afraid of him because he was a very good hunter. And he was always hungry. Whenever Simba appeared, the other animals would run away and hide.



USimba kwakunguye yedwa ubhubesi ehlathini, futhi wayekuthanda lokho! Zonke izilwane zazimesaba ngoba wayengumzingeli onekhono. Futhi wayehlale elambile. Njalo lapho uSimba eqhamuka, ezinye izilwane zazibaleka ziyocasha.




The next morning, the animals walked to Simba's den together. They were carrying wild fruit, mushrooms and edible roots.
 “Food, I need food,” croaked Simba when he saw the animals. He was lying on the ground without a single tooth in his mouth.
 Ngakusasa ekuseni, izilwane zaya endlini kaSimba ndawonye. Zazimphathela izithelo zasendle, amakhowe nezimpande ezidliwayo.
 “Ukudla, angive ngikudinga,” kusho uSimba lapho ebona izilwane. Wayelele phansi engenaloo nezinyo elilodwa emlonyeni.

Simba munched on the feast his friends had provided. And all the animals sighed with delight at the peace in the veld.




USimba wazitika ngedili ayeliphathelwe abangane bakhe. Zonke izilwane zakhokha umoya ngenjabulo ngenxa yokuthula okwakukhona ehlathini.



“Try this mushroom,” said Tortoise.
 Simba opened his mouth and took a bite. *Squish, squash* went the mushroom. It was easy to chew.
 “Another one, please,” begged Simba. He ate a second and a third mushroom.
 “Zama la makhowe,” *kusho uFudu*.
 USimba wavula umlomo, waluma. *Khafu, xhafu* ehlafuna amakhowe. Kwakulula ukwahlafuna.
 “Ngicela amanye,” uSimba enxusa. Wadla amakhowe esibili nawesithathu.

Simba went out and stood on a tall rock. “Friends, my teeth are back!” he roared. “But I have decided that I will only eat plants. I will not eat any animals. Please come out and let us eat plants and play together!”
 It was quiet for a long time. Then, Tortoise slowly came out of hiding, carrying some mushrooms. Simba sat down and ate with Tortoise. Then Rabbit came out with a basket of fruit. All the other animals came forward carrying a variety of plants and wild fruit.

USimba waphuma wayoma edwaleni eliphakeme. “Bangane, amazinyo ami asekhulile!” ebhonga. “Kodwa nginqume ukuthi sengizodla izitshalo kuphela. Akukho silwane engizosidla. Ngicela nize futhi masidle izitshalo futhi sidlale ndawonye!”
 Kwathula isikhathi eside. Khona-ke, uFudu waphuma ekucasheni weza kancane, ephethe amakhowe. USimba wahlala phansi, wadla noFudu. Kwase kuphuma uNogwaja nobhasikidi wezithelo. Zonke nezinye izilwane zeza ziphethe izinhlobonhlobo zezitshalo nezithelo zasendle.



Meanwhile, Tortoise and Zebra told the other animals that Simba had no more teeth.
 “Isn't it wonderful that Simba can no longer hunt any of us?” said Zebra.
 At first, the animals were very excited and couldn't stop talking about how wonderful it was. Eventually, they quietened down and started feeling sorry for Simba.

Khonamanjalo, uFudu noDube batshela ezinye izilwane ukuthi uSimba akasenamazinyo.
 “Akujabulisi yini ukuthi uSimba ngeke esazingela noyedwa wethu?” *kusho uDube*.
 Ekugaleni, izilwane zajabula kakhulu futhi zazilokhu zixoxa ngendlela okwakukhile ngayo. Ekugcineni, zathula futhi zaqala ukumdadubukela uSimba.

One day, Simba was wandering through the veld looking for food. All the animals had scattered into the bushes to hide from him, except Tortoise. Tortoise could not run. Her shell was big and heavy, and her legs were short.



Ngolunye usuku, uSimba wayehambahamba ehlathini efuna ukudla. Zonke izilwane zachitheka zayongena emahlathini ukuze zimcasheshe, ngaphandle koFudu. UFudu wayengakwazi ukugijima. Wayenegobolondo elikhulu nelisindayo, kanti nemilenze mifushane.



“Izinsini?” kusho uSimba njengoba efaka isidlada sakhe emlonjeni wakhe. Awu nangempela, wayengenamazinyo, kuyizinsini zodwa! “Mayebabo!” uSimba ekhala. “Ngizophila kanjani? Ngizobulawa yindlala ngaphambi kokuba amazinyo ami akhule.” Wadedela uDube wahamba futhi wacothoza kancane eya kwakhe. USimba walala phansi ngohlangothi, walinda ukufa.

“What have we here?” asked Simba, coming closer. “Oh, food in a shell!” he said, licking his lips.

“Oh dear me!” cried Tortoise. “Please don’t eat me!”

“Why not?” asked Simba.

“I’m old and my flesh is tough and chewy,” cried Tortoise.

“Well, my teeth are long and sharp,” said Simba, pouncing on Tortoise.



“Sitholani lapha?” kubuza uSimba, esondela. “Oh, ukudla okusegolondweni!” esho, emunca izindebe zakhe.

“Hawu ngafa mina!” kukhala uFudu. “Ngicela ungangidli!”

“Ngikuyekeleni?” kubuza uSimba.

“Sengigugile, isikhumba sami siqinile futhi siyanamfuka,” kukhala uFudu.

“Phela, nginamazinyo amade nacijile,” kusho uSimba, ehlasela uFudu.

UNogwaja wanika uSimba ikhaba, kodwa laligine kakhulu. Wahluleka ukuluma isikhumba salo. “Ngizolidla lapho amazinyo ami esekhulile,” ethembisa.



Rabbit gave Simba the melon, but it was too hard. He could not bite through the skin. “I will eat it when my teeth grow back,” he promised.

By midday, Simba realised that the animals would no longer come to visit. He thought about how they had brought him food every day. “I would have starved to death had they not fed me,” he thought.

By late afternoon, there was still no sign of any of the animals. Simba felt very lonely and realised that he missed spending time with them.

“The monkeys are so funny,” Simba laughed. “The elephants are all very kind. And the warthogs are so fast, I love playing with them!”

Simba had important decisions to make. “I think I would rather eat plants than lose such good friends,” he thought.

Emini, uSimba wabona ukuthi izilwane ngeke ziseza ukuzomvakashela. Wacabanga ngendlela ezazimlethele ngayo ukudla nsuku zonke. “Ngabe ngabulawa yindlala ukube zazinganikanga ukudla,” ecabanga.

Ntambama, izilwane zazingakabonwa nangokhasha. USimba wazizwa enesizungu futhi wabona indlela ayekhumbula ngayo ukuchitha isikhathi nazo.

“Izinkawu ziyahlekisa,” uSimba ehleka. “Izindlovu zonke zinomusa. Futhi izintibane zinejubane elikhulu, ngiyathanda ukudlala nazo!”

USimba kwadingeka enze izinqumo ezibalulekile. “Ngicabanga ukuthi kungcono ngidle izitshalo kunokuba ngilahlekelwe abangane abahle kanje,” ecabanga.

Amaqbunga
Leaves



Amawolintshi
Oranges



Izihlahla
Trees

Granny's place is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. For further information, visit www.cup.co.za.

Indaba ethi KwaGogo ivela ochungechungeni lwe-Rainbow Reading olushicilelwe yi-Cambridge University Press. I-Rainbow Reading iwuchungechunge olwabiwa ngezigaba olwenzelwe ama-primary school. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.cup.co.za.

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za



CAMBRIDGE
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za



Get story active!

- ★ Make your own little book about your favourite place to visit. Take two sheets of paper and fold them to make a small book of eight pages. Draw a colourful picture of your favourite place on the book's cover.
- ★ Give your book a title.
- ★ Make a list of all the things that you like about your favourite place.
- ★ Write short sentences on each page about your favourite place. Draw pictures in your book.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Zenzele eyakho incwajana emayelana nendawo yakho othanda kakhulu ukuyivakashela. Thatha amakhasi amabili ephepha futshi uwasonge ukuze wenze incwajana enamakhasi ayisishiyagalombili. Dweba isithombe esimibalabala sendawo yakho oyithandayo ekhaveni yencwadi.
- ★ Bhala isihloko sencwadi yakho.
- ★ Bhala uhlu lwazo zonke izinto ozithandayo ngendawo othanda ukuyivakashela.
- ★ Bhala imisho emifushane ekhasini ngalinye ngendawo yakho oyithandayo. Dweba izithombe encwadini yakho.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your
imagination

Granny's place

CAMBRIDGE




KwaGogo

Nonhlanhla Dlamini • Pinkie Wilson


Ideas to talk about: Do you have a granny or older relative that you like to visit? What does that person do that makes you love visiting them? What is your favourite thing about their home?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Unaye yini ugogo noma isihlobo esikhulile othanda ukubavakashela? Yini lowo muntu ayenzayo ekwenza uthande ukumvakashela? Yini oyithanda kakhulu ngekhaya lakhe?

I love Granny's place.
Ngiyakuthanda kwagogo.



A warm fire
Umlilo ofudumele



“Hello, Granny!”
“Sawubona, Gogo!”



Granny's hugs



Ukwangiwa uGogo

The wild berries were soft enough for him to eat and by midday Simba was able to stand again. His stomach was full of mushrooms, soft roots and fruit.

Simba was very grateful to the animals. Every day, the animals brought Simba food. They became his friends and together they would sit and listen to each other's stories.

Weeks and weeks went by until one morning ...

Amajikijolo ayethambile ukuba awadle, kwathi emini uSimba waphinde wakwazi ukusukuma. Wayesuthi amakhowe, izimpande ezithambile nezithelo.

USimba wazibonga kakhulu izilwane. Nsuku zonke izilwane zazilithela uSimba ukudla. Baba abangane futhi babehlala ndawonye baxoxelane izindaba.

Kwadlula amaviki, kwathi ngelinye ilanga ekuseni ...

But the animals did not come. They had heard Simba's powerful roar that morning and it had made them feel afraid.



Kodwa izilwane azifikanga. Zazimzwile uSimba ebhonga kakhulu ekuseni ngalelo langa futhi kwazethusa.

A few days went by, and Simba was very hungry! He saw Zebra nearby and chased after her. Zebra was fast, but Simba was faster. He pounced on Zebra and bit her neck.

"Tee-hee-hee! Tee-hee-hee!" laughed Zebra.

Simba was shocked. "Why are you laughing?"

he roared.

"You are tickling me. Tee-hee-hee! Tee-hee-hee!" giggled Zebra, her body shaking with laughter. "You are tickling me with your gums."

"Gums?" said Simba as he put his paw in his mouth. And indeed, he had no teeth, only gums!

"Oh no!" cried Simba. "How will I survive? I will die of starvation before my teeth grow back."

He let Zebra go and walked slowly to his den. Simba lay down on his side and waited to die.

Kwadlula izinsuku, uSimba wayeselambe kakhulu! Wabona uDube, wayesemjaha. UDube wayenjubane, kodwa uSimba wayemdlula. Wahlasela uDube, wambamba intamo.

"He he he hee! He he he hee!" kuhlaka uDube.

USimba washaqeka. "Uhlekani?" ebhonga.

"Uyangikitaza. He he he hee! He he he hee!" uDube egqitheka, umzimba wakhe uthuthumela ukuhlaka.

"Uyangikitaza zakho."

Tortoise quickly withdrew into her shell.

Simba opened his mouth wide and bit down hard.

Tortoise shut her eyes, and cried, "My shell! My shell must be broken!"

Then she heard Simba roar in pain and anger.



UFudu ngokushesha wabuyela egobolondweni lakhe.

USimba wavula umlomo wakhe kakhulu futhi waluma ngamandla.

UFudu wavala amehlo, wakhala, "Hhaybo! Lafa igobolondo lami!"


Wabe esezwa uSimba ebhonga ngobuhlungu nangolaka.



“My teeth! My teeth are broken!” groaned Simba. He was in so much pain that he let Tortoise go. Then he lay down beneath a tree waiting for his teeth to stop aching.

“Habe! Amazinyo ami aphukile!” kububula uSimba. Wayeqaqanjelwa kakhulu kangangoba wadedela uFudu wahamba. Wabe eselala ngaphansi komuthi elinde ukuba izinyo lakhe liphole.

“Ngilambile futhi akekho osangilethele ukudla,” kusho uSimba ekhuluma yedwa. “Ake ngizame ukudla ikhabe engalimikwa uNogwaja.”



“I’m hungry and no one has brought me anything to eat yet,” said Simba to himself. “Let me try eating the melon Rabbit gave me.”

Simba easily bit through the hard skin of the melon.

“They’re back! My teeth are back!” roared Simba excitedly. He put his paw into his mouth and, yes, all his teeth had grown back – long and sharp!

“Oh, for some delicious meat!” roared Simba. “Let the animals bring me their plants and fruit this morning. I will catch one of them for my feast!”

“Asekhulile! Amazinyo ami asekhulile!” kubonga uSimba ngenjabulo. Wafaka isidladla sakhe emlonyeni, futhi, yebo, wonke amazinyo akhe ayesebuyile – emade futhi ecijile!

“Eyi, ngaze ngahalela okusanyamana!” kubhonga uSimba. “Mangiziyeke izilwane zingilethele izitshalo zazo nemifino namuhla ekuseni. Ngizobamba esinye sazo ngizitike ngaso!”

**Phatha izincwadi ezimbili
njalo. Enye yokuba
uyifunde nenye
obhalela kuyo.**



**Always carry TWO
books with you.
One to read and
one to
write in.**



 TheNalibaliChannel  nalibaliSA  @nalibaliSA  @nalibalisa
 @nalibalisa  nalibalisa  The Nal'ibali Trust  +27 64 801 5496





Umfana owayefuna okwengeziwe

NguBradley Paulse ■ Imifanekiso nguChantelle noBürgen Thorne



Ngelinye ilanga, kwake kwaba nomfana ogama lakhe uRiaan. URiaan wayekuthanda ukudla, futhi wayezifela ngekekhe. URiaan wayenabafowabo nodadewabo abaningi, okwakusho ukuthi kwakudingeka babelane ngayo yonke into. Ngakho, uRiaan wayekujwayele ukwabelana ngezinto eziningi, kodwa wayengakuthandi nhlobo ukwabelana ngekekhe.

Ekuseni ngelinye ilanga, umama kaRiaan wabhaka ikhekhe elimnandi likashokoleli. Kwagcwala iphunga elimnandi endlini, futhi wonk'umuntu wayekulinde ngabomvu ukudla ikhekhe. Lapho selilungile, uMama wababiza, "Sekuyisikhathi sokudla ikhekhe!"

Amehlo kaRiaan aqhakaza ngenjabulo njengoba egijima eya ekhishini.

UMama wathi: "Ngicela nikhumbule, kudingeka sabelane. Wonk'umuntu uzothola ucezu oluncane." Wasika ikhekhe laba yizingcezu ezilinganayo futhi wanika ingane ngayinye ucezu.

URiaan wadumala kakhulu lapho ethola ikhekhe lakhe. Wayefuna okwengeziwe nje kunocezu oluncane; wayelifuna lonke ikhekhe! "Ngumbhedo ke lo!" ekhulumela phansi, ngokucasuka.

URiaan wayefuna okwengeziwe. Wayefuna ukwenza ucezu lwakhe lube lukhudlwana. Wabe esekhumbula zonke izinto uyise ayezenzele zona egalaji. Mhlawumbe wayengathola into ethile lapho ayengakhulisa ngayo ikhekhe lakhe.



Egalaji, uRiaan wacinga kuwo wonke amathuluzi kayise nezinto ayezenzele. Kwakunamathuluzi ayesawakhumbula, njengezipanela nezikrudrayiva, kodwa futhi kwakunomshini obukeka ngendlela eyinqaba, futhi wayengazi ukuthi ngowani.

Ngemuva kwegalaji, wathola ibhokisi elibhalwe ukuthi "Makhulisa" kulo.

"Nazo-ke!" uRiaan ecabanga. "Kuzwakala ngathi lento yenza izinto zibe zinkulu. Yilento kanye engiyifunayo!"

Ngaphakathi ebhokisini wathola umshini obukeka ngathi ngumshini omkhulu wokuxova amaqanda onocingo olusongene oluphumela phezulu. Wawunezinto ezinamazengezele nokunjengamawashi kanye nebhatini elikhulu elibomvu lokuwkhanyisa.

URiaan waphuthuma wabuyela ekhishini ephethe uMakhulisa esandleni. Wawumisa wawubhekisa ngasocezwini lwakhe lwekekhe elincane wayesecezelela ibhatini elikhulu elibomvu. Kwavela umucu wokukhanya, wahlala ocezwini lwekekhe.

URiaan wansinsitheka yinjabulo. Ngokushesha wayesezoba nekhekhe elengeziwe, inkunzimalanga yocuzu lwekekhe, elakhe lonke.

Gwiquqi kwenzeka into eyinqaba. Ikhekhe alizange libe likhulu. Kunalokho, intuthwane encane eyayingaphambi kwekekhe, yiyo eyaba nkulu nakakhulu, yaze yaba yinde yalingana noRiaan!

"Hhayibo, kwenzekani?" kusho intuthwane emangele ngezwi elikhulu, izimpondo zayo zilokhu zivayiza ziya ngapha nangapha.

URiaan wayigqolozela ngokumangala. "Ngiyaxolisa bandla. Bengizama ukwenza ucezu lwami oluncane lwekekhe ukuba lube lukhudlwana, hhayi wena."

Amehlo entuthwane avuleka kakhulu. "Ukhuluma ngekekhe? Phela izintuthwane zilithanda kabi ikhekhe!"

Engakaphenduli uRiaan, intuthwane yacaphuna ucezu lwakhe lwekekhe futhi yaqala ukulidla.

"Yikhekhe lami lelo!" kusho uRiaan, ngokucasuka.

Intuthwane yalidla ngokushesha ikhekhe kwaze kwasala imvuthuluka eyodwa kuphela. URiaan akakukholwanga ayekubona.

"Udle ikhekhe lami!" kumemeza uRiaan.

Intuthwane yaphendula, "Phela, angilidlelanga inzuzo yami nje kuphela. Ngiphathela nesizwe sami sezintuthwane! Thina sisebenza ndawonye, futhi lapho sithola into emnandi, siyayithatha sibuyele nayo emzini wethu ukuze sabelane ngayo nabo bonke."

Ngaso lesi sikhathi kwavuleka umnyango wasekhishini, futhi kwangena ubaba kaRiaan. Wethuka wagelekeqeka wukumangala, amehlo akhe avuleka kakhulu njengoba ebona inkunzimalanga yentuthwane. "Habe! Kwenzekani lapha?" esho.

Wabe esebona uMakhulisa esandleni sikaRiaan futhi waqonda ukuthi kwakwenzekeni. Wawuthatha ngokushesha lo mshini kuRiaan futhi wawubhekisa ngasentuthwaneni. Njengoba ayecindezela ibhatini elikhulu elibomvu, kwaphuma umucu wokukhanya. Kwathi lapho unyamalala, intuthwane yayisibuyele ekubeni yintuthwane evamile.



URiaan wakhipha umoya kakhulu ethola impumuzo, kodwa wabe esebuka ipuleti lakhe etafuleni. Kwakunemvuthuluka nje encane yekhekhe esele, angeke akwazi ngisho nokuyiluma.

"Bengifuna nje ucezu lwekekhe olukhudlwana, manje angisenalutho," kusho uRiaan ngezwi elidabukisayo.

UBaba wakhe wabuka uRiaan ngokudinwa, "Riaan, yilokho okwenzekayo uma sivumela ukuhaha kusibuse. Kubalulekile ukwabelana ngezinto. Ukufuna okwengeziwe kunalokho okukufanele kungaholela emiphumeleni emibi."

URiaan waba namahloni ngezendo zakhe. "Ngiyaxolisa ngokuthi ngibe nokuhaha okubi," esho ngezwi elincane.

Izwi likaBaba lathamba lapho ethi, "Yisifundo sonke okudingeka sisifunde. Kodwa ungadumali, usenalo ikhekhe elithile. Kusenemvuthuluka eyodwa esele."

Ebonisa ukujabula, uBaba wabhekisa uMakhulisa kule mvuthuluka encane. Njengoba ecindezela ibhatini, kwaphuma umucu wokukhanya futhi imvuthuluka yakhula yaba ucezu oluncane lwekekhe.

URiaan wajabula. Inhliziyo yakhe yaba nokumangala nokubonga ngesikhathi esisodwa njengoba ayethi, "Ngiyabonga, Baba."

Kodwa njengoba uRiaan eluma ikhekhe, wavula amehlo aba makhulu. "Sis!" esho. "Limanzi linamathe entuthwane!"

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- Uma ubungazenzela noma yini oyifunayo, bekungaba yini futhi ibingasetshenziselwani?
- Dweba umfanekiso wento yakho oyisungulile. Bhala amagama achaza umdwebo wakho.

- Bhala isigaba esifushane esichaza ukuthi yini obungayenza ngento yakho oyisungulile.



Drive your
imagination



The boy who wanted more

By Bradley Paulse ■ Illustrations by Chantelle and Burgen Thorne



Once, there was a boy named Riaan. Riaan loved food, and the food he loved the most, was cake. Riaan had many brothers and sisters, which meant everything had to be shared. So, Riaan was used to sharing most things, but he really hated having to share cake.

One morning, Riaan's mum baked a delicious chocolate cake. The wonderful smell filled the house, and everyone was looking forward to eating the cake. When it was ready, Mum called, "It's time for cake!"

Riaan's eyes sparkled with excitement as he ran to the kitchen.

Mum said, "Please remember, we need to share. Everyone will get a small slice." She cut the cake into equal slices and gave each child a slice.

Riaan was very disappointed when he got his cake. He wanted more than just a small slice; he wanted the whole cake! "This sucks!" he muttered to himself, feeling upset.

Riaan wanted more. He wanted to make his slice bigger. Then he remembered all the inventions his dad had in the garage. Maybe he could find something there to make his slice of cake bigger.

In the garage, Riaan searched through all his dad's tools and inventions. There were tools he recognised, like wrenches and screwdrivers, but there were also strange-looking machines, and he didn't know what they did.



At the back of the garage, he found a box with the word "Big-a-nator" written on it.

"Yes!" thought Riaan. "It sounds like this makes things big. This is exactly what I need!"

Inside the box, he found a machine that looked like a giant egg beater with a spiral wire poking out. It had cogs and dials and a big red button to switch it on.

Riaan eagerly rushed back to the kitchen with the Big-a-nator in his hand. He aimed it at his small slice of cake and pressed the big red button. A bright beam of light shot out and hit the slice. Riaan giggled with joy. Soon he would have more cake, a giant slice of cake, all for him.

But then something strange happened. The cake didn't get bigger. Instead, a little ant in front of the cake got bigger and bigger, until it was as tall as Riaan!

"Hey, what's going on?" the surprised ant said in a deep voice, its antennae waving this way and that.

Riaan stared in amazement. "I'm so sorry. I was trying to make my small slice of cake bigger, not you."

The ant's eyes lit up. "Did you say cake? Ants love cake!"

Before Riaan could react, the ant scooped up his slice of cake and began to eat it.

"But that's my cake!" Riaan protested, angrily.

The ant quickly ate the cake until all that was left was a single crumb. Riaan could hardly believe his eyes.

"You ate my cake!" Riaan shouted.

The ant replied, "Well, I didn't eat it for my own sake. It's for my ant colony! We work together, and when we find something delicious, we take it back to the nest to share with everyone."

Just then, the kitchen door swung open, and Riaan's dad walked in. He froze in surprise, his eyes widening as he saw the gigantic ant. "Whoa! What's going on here?" he said.

Then he saw the Big-a-nator in Riaan's hand and he knew what had happened. He quickly took the machine from Riaan and aimed it at the ant. As he pressed the big red button, a beam of light shot out. As it faded, the ant was back to its normal size.



Riaan let out a sigh of relief, but then he looked at his plate on the table. There was only a tiny crumb of cake left, not even enough for a bite.

"I just wanted a bigger piece of cake and now I have none," said Riaan in a sad voice.

Dad looked at Riaan sternly, "Riaan, this is what happens when we let our greed take over. Sharing is important. Wanting more than your fair share can lead to bad consequences."

Riaan was ashamed of his actions. "I'm sorry I was so greedy," he said in a quiet voice.

Dad's expression softened as he said, "It's a lesson we all need to learn. But don't be sad, you do have some cake. There's still one crumb left."

With a twinkle in his eye, Dad aimed the Big-a-nator at the tiny crumb. As he pressed the button, a beam of light shot out and the crumb grew into a small slice of cake.

Riaan's eyes lit up. A mixture of surprise and gratitude filled his heart as he said, "Thank you, Dad."

But as Riaan bit into the cake, his eyes grew big and round. "Yuck!" he said. "It's wet with ant spit!"

Get story active!

- If you could make anything that you wanted, what would it be and what would it be used for?
- Draw a diagram of your invention. Add labels to explain your drawing.

- Write a short paragraph explaining what you would do with your invention.


Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

- Landela intambo ebanjwe wumlingiswa ngamunye wakwaNal'ibali ukuze uthole ukuthi incwadi ephakathi nendawo ingekabani!
- Follow the string that each Nal'ibali character is holding to find out who the book in the middle belongs to!



2.

Ungakwazi ukuqedela le ndaba emfushane ngezindlela ezahlukene? Ungakwazi yini ukuqamba indaba ehlekisayo kanye neyesabisayo? Yiziphi ezinye izindaba ongakwazi ukuziqamba?

Thokozela ukufundela abangani nomndenani izindaba zakho eziphelile!

Have fun reading your completed stories to friends and family!

Ngelinye ilanga _____ wahlangana no- _____
(umuntu) (umuntu)

(lapho bahlangana khona)
 Intombazane yathi, " _____ "
 Umfana wathi, " _____ "
 Intombazane ya- _____
(eyakwenzayo)
 Umfana wa- _____
(akwenzayo)
 Ngakho-ke, _____
(okwenzeka)

Can you complete this short story in different ways? Can you create a funny story as well as a scary one? What other stories can you create?

One day _____ met _____
(person) (person)

(where they met)
 She said, " _____ "
 He said, " _____ "
 She _____
(what she did)
 He _____
(what he did)
 And so, _____
(what happened)

Ngelinye ilanga _____ wahlangana no- _____
(umuntu) (umuntu)

(lapho bahlangana khona)
 Owesifazana wathi, " _____ "
 Owesilisa wathi, " _____ "
 Owesifazana wa- _____
(eyakwenzayo)
 Owesilisa wa- _____
(akwenzayo)
 Ngakho-ke, _____
(okwenzeka)

One day _____ met _____
(person) (person)

(where they met)
 She said, " _____ "
 He said, " _____ "
 She _____
(what she did)
 He _____
(what he did)
 And so, _____
(what happened)



UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela: Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

- TheNalibaliChannel
- nalibaliSA
- @nalibaliSA
- @nalibalisa
- nalibalisa
- The Nal'ibali Trust
- +27 64 801 5496
- @nalibalisa

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

